


## UMBONO, IZINHLOSO, OKUQONDIWE NAMAQHINGASU

Kuyothi kushaya owezi-2030 uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoba ngophuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal lapho imiphakathi yawo iyobe izuza emikhakheni yezolimo nezokungcebeleka ehlabahlosile.

## ISITATIMENDE SEZINHLOSO

Ukusebenzisana nemiphakathi yawo nababambiqhaza uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoqinisekisa ukuthi uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kanye nezinsiza zenhlanzeko ezifanelekileyo futhi ulwele ukuthuthukisa imikhakha yezolimo nezokungcebeleka ukuqinisa isithunzi sabantu.

## IZIMISO EZINQALA

- Ukuveza obala
- Izibophezelo
- Ukubonisana
- Ukuzibophezela nokwethembeka

# UHLU LOKUQUKETHWE


| | |
|---|---|
| Amazwi Okwandulela oMhleli | 04 |
| Isandulelo seMeya | 05 |
| Isethulo seMenenja kaMasipala | 06 |
| Umbiko ngamanzi - udidiyelwe ithimba lamanzi eHarry Gwala | 07 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu oMkhulu | 08 |
| Umjaho i-Harry Gwala District Marathon ugubha iminyaka eyishumi | 10 |
| Umkhankaso we-IDP ka-2025 | 12 |
| Isifunda iHarry Gwala siyaqhubeka nokulwisana nezinkinga zamanzi | 14 |
| Umbiko wephrojekthi i-MIG | 16 |
| UMasipala weSifunda i-Harry Gwala ube nomhlangano obe yimpumelelo wekhomishini yabesifazane | 18 |
| Ukuhlolwa kwezikole eHarry Gwala | 20 |
| Uvaleliswe ngesizotha umsebenzi obezinikele wase-Harry Gwala | 21 |
| Kushone omunye umsebenzi obezinikele ekusebenzeleni uMasipala | 22 |
| Sibe yimpumelelo isithangami i-Harry Gwala Disaster Management Indaba | 23 |
| Umbiko Wezinhlekelele | 25 |
| UMasipala weSifunda iHarry Gwala ne-workshop yokunothisa amakhono ezokuxhumana | 26 |
| Izoqhubeka ibanjwe njalo ngekota inkundla yabezokuxhumana eSifundeni | 27 |
| UNgqongqoshe uBlade Nzimande uhambela iSifunda | 28 |
| Kwethulwe imfundiso ngentando yabantu nokuvota ezikoleni eHarry Gwala | 29 |
| Uphiko lwe-risk management lube nomhlangano wokucubungula izihibe e-Harry Gwala | 30 |
| UMphathiswa uMbali Shinga unikeze intsha (71) izitifiketi eSifundeni i-Harry Gwala | 31 |
| UNdunankuku nembizo yokudingida ngobugebengu eMzimkhulu ngaphansi kwe-Harry Gwala District Municipality | 32 |
| UNgqqongqqoshe ‘uxhumanisa’ isikole sasemakhaya nomhlaba wobuchwepheshe | 33 |
| UMasipala weSifunda i-Harry Gwala usunemidlalo yabasebenzi yangaphakathi | 34 |

AMAZWI OKWANDULELA OMHLELI



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

# UMasipala i-HGDM endleleni yokufeza izimfanelo zabantu

NGIZIZWA ngihloniphekile futhi kuyangithokozisa ukuthi ngiphinde nginamukele kule nkundla yokuxhumana, lapho sinilethela khona izindaba ngesikwenzile nesikwenzayo ezinhlelweni zikamasipala, siveza nentuthuko eqhubekayo ezindaweni zethu.

Ukusebenza sikubeka eqhulwini kulo masipala wethu. Ngiyafisa futhi ukusebenzisa leli thuba ngibonge ngokuseseka kwenu njalo nentshisekelo yenu ngentuthuko eqhubekayo eSifundeni sethu.

Izinguquko ziyinkomba yenqubekela-phambili yentuthuko emiphakathini yakithi, okuveza isiqalo esisha, ukukhula noshintsho. Ngaleyo ndlela-ke ukuthi sihlale siqinisekisa ukuthi sibhekela siphendule ezidingweni zabantu. Ziningi izindlela esingabala kuzo imikhankaso yokuqwashisa ngezinhlelo ezilethwa kubantu nezihlonipha ukungefana kwabantu, indalo nemvelaphi yamasiko.

Lo nyaka (2025), umasipala ufungise ikomidi elididiyela iminyango eyahlukene njengendlela yokugqugquzela umoya wokuzwana nokuthuthukiswa komphakathi. Konke lokhu kuhloswe ngakho ukukhombisa ukuzinikela kukamasipala wethu ekudaleni isimo somsebenzi esilungele wonke umuntu.

Siphinde saba nomjaho iHarry Gwala District Marathon, obuhlanganisa ishumi leminyaka ukhona. Akukho ukungabaza ukuthi lo mcimbi uyakhula unyaka nonyaka.

Ukuze sithole isisombululo ezinselelweni zamanzi nenhlanzeko, umasipala wathenga amaloli athutha amanzi amane ukuze kusheshe ukusondezwa kwamanzi kubantu. Ukulethwa kwezidingo yiyona ndaba emqoka kithi nesigxila kuyo eSifundeni sethu. Asikwazi ukubambezela izidingo ngoba sithi likhona elinye ilanga lokwenza lokho.

Ekuqaleni kuka-Ephreli sibe nemihlangano yokuzwa izimvo zomphakathi ngesikhathi sethula uhlelo lwe-Intergrated Development Plan (IDP) njengalokhu kulotshiwe emthethweni uChapter 4 we-Municipal Systems Act. Kubo bonke omasipala bezindawo ngaphansi kweSifunda besibonisana nemiphakathi eyahlukene, sinekela wonke umuntu uhlaka lwesabelomali sika-2025/2026.

Ukuthelaka ngobuningi kwabantu kule mihlangano kuyakhuthaza kakhulu ekukhuleni kwentuthuko ezindaweni zakithi. Kufake nomndlandla omkhulu ukuphawula kwabantu kulezi zithangami.

Umengameli we-Netball South Africa, uNkz Cecilia Molokwane, ubevakashele iSifunda iHarry Gwala njengengenye yemigubho yeminyaka engu-30 yentando yabantu. Ngalou hambo ubehlose ukuzogqugquzela ukudlalwa kwebhola lomnqakiswano entsheni nokukhuthaza ubunye emiphakathini eyahlukene nokuziphatha. Lo mkhankaso umqoka ikakhulu njengoba umqhudelwano iNetball World Youth izoba seGibraltar ngoSepthemba 2025.

Njengomhoki uhlonishwa kakhulu emhlabeni kulo mdlalo, ukufika kukaMme Molokwane kuwubufakazi bokuthi iSifunda sinomlando wokukhiqiza izingwazi kwezemidlalo, namanje sisakhiqiza isizukulwane esisha esizokwazi ukusimela ezingeni lamazwe ebholeni lomnqakiswano.

Uhlelo lokufukula amakhono entsheni luyahambisana nezinhlelo zeSifunda esizibiza nge-District's Development Model lapho kugxiilwe khona ekuphuculeni amakhono, ikakhulu intsha esezindaweni ezidingayo. UMphathiswa wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natal, uNkz Mbali Shinga, ubehambele eXobho lapho enikeze khona izitifiketi abantu abasha abangu-71 abafunde amakhono ahlukene. UMnuz Solly Malatsi onguNgqongqoshe wezokuXhumana nobuChwepheshe uvule uhlelo lwendawo yobuchwepheshe ePholela Special School ngaphansi kwe-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Local Municipality. Lolu hlelo luhlose ukwandisa amathuba kulo mkhakha njengoba ezoobuchwepheshe sekuyizo ezihamba phambili ekwenzeni izinto emhlabeni.

NoSolwazi uBlade Nzimande onguNgqongqoshe wweSayensi, nezokuThuthukiswa kwezobuChwepheshe wethula uhlelo eDlangani High School, lapho ekhuthaze intshisekelo kwezesayensi kubafundi.

Ngifisa ukuzwakalisa ukudabuka ngokulahlekelwa kwethu abasebenzi abebezinikele ngendlela eyinqaba nonyaka, uMnuz Mduduzi

Menswert Memela noMnuz Sokesimubone “Bra Socks” Memela. Egameni likaMasipala, ngithatha leli thuba ukwedlulisa amazwi enduduzo emindenini, nabangani nabalingani abashiywe yilezi zihlobo zethu. Encwadini yeSambulo 21:4 (emndenini nabangani): "UNkulunkulu uzobesula zonke izinyembezi emehlweni abo; ukufa akusakuba khona; nokudabuka; nokukhala, nobuhlungu abusekuba khona; ngokuba okokuqala kudlulile."

Sengiphetha, njengezinga likahulumeni okuyilo elisondele kakhulu kubantu, sithunywe ukuba silethe izidingongqangi emiphakathini yethu, sigxilise intando yabantu. Ukunqoba kwethu kwenzeka uma kushintsha izimpilo zabantu zibe ngcono, ngokuletha lezi zidingo kubo bonke abantu nezidingo ezingadinge nkokhelo kwabampofu.

Ukukwazi ukwenza lo msebenzi njengokuhlela okusezinhlosweni zethu kusinika umfutho wokubhekana nenhlobonhlobo yezinselelo.



**UNKS UNONTUTHUKO NGUBANE**
UMXHUMANISI KAMASIPALA NOMPHAKATHI (PRO)



**UMNU ULINDOKUHLE CHILIZA**
OMELE I-GOVERNMENT COMMUNICATIONS AND INFORMATION SYSTEMS (GCIS) E-HARRY GWALA



**SIBONGILE KUNENE**
WEZOKUXHUMANA EMKHANDLWINI



**UNKS UATH'ENKOSI BAQWA**
ISEKELA KWEZOKUXHUMANA



**UNKS UFUNDISILE QOZA**
ITHWASA KWEZOKUXHUMANA KWI-EPWP

# Njengoba sesiphetha unyakamali ka-2024/2025 sibonga amakhansela nabaphathi ngokusebenzela ukuletha impilo engcono e-Harry Gwala



UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo

NGIBINGELELA zonke izakhamuzi kuMasipala weSifunda iHarry Gwala

Angibonge ngaleli thuba engilitholayo, ngibonge nakini ngokuzinika isikhathi nifunde esinelithela khona njengendlela yokuxhumana nathi ngoba leli ngelinye lamathuluzi elibeka obala imisebenzi eyenziwayo eSifundeni senu, ikakhulu kuleso sikhathi esisuke sikuso.

**Inyanga yeNkululeko**

Ngenyanga ka-Ephreli iNingizimu Afrika yonkana ibigubha iNyanga yeNkululeko, okuyisikhathi esikhumbula ngaso ukusuka kwamaketango engcindezelo obandlululo, kungenwe ezweni elikhululekile. Kusuke kukhunjulwa futhi ukhetho lokuqala lwentando yabantu lomhla ka-27 Ephreli 1994 okuyilo olwazala le ntando yabantu esikuyo namuhla.

INyanga yeNkululeko nonyaka igujwe ngaphansi kwengqikithi ethi "Sibumbene ngokuBambana ekuViikeleni iNkululeko yethu neNtando yaBantu".

ENingizimu Afrika, inkululeko esinayo igcizelela amalungelo ahlukahlukene namathuba, okukhona kuwo ilungelo lokukhetha inhlangano yezombusazwe oyizwayo, ukukhetha ukuba sendaweni efiswa nguwe nethuba lokuzikhethela indlela ozibandakanya ngayo kwezomnotho. Akusafani nangezikhathi zengcindezelo lapho umnotho wawungoweqeqebana labathile, esikhathini sentando yabantu amathuba asevulelekile.

Inkululeko isho ilungelo lokuveza umbono wakho ngokukhululeka, nihlangane ngale kokwesaba, niqhube inkolo yenu ngenkululeko enganabandlululo. Empeleni intando yabantu isho inkululeko yokuzibandakanya ngenkululeko ekwaziseni uhulumeni ukuthi ufuna akwenzele ini. Lokhu kusho ukubuya kwesithunzi sawo wonke umuntu, esigabala kukho ilungelo lokuvota nokuba yingxenye yokhetho kanye nokusungula inhlangano yezombusazwe.

Phezu kwalokhu, kunelungelo lokukhetha indlela yokuhweba, umsebenzi ofiswa nguwe noma iziqu zemfundo kanye nokuzibandakanya emnothweni ngenkululeko.
Le nkululeko isho ukulingana emehlweni omthetho kungabhekwe bala, hlanga nabuzwe bamuntu.

**Usuku lwabaSebenzi**

Izimpande zalolu suku zisuka emzabalazweni wamalungelo abasebenzi nobulungiswa emphakathini ekuqaleni kweminyaka yo-1800s. USuku lwabaSebenzi selokhu lwaba yiholidi emazweni amaningi kusukela ngo-1891. NeNingizimu Afrika inezayo izivuvaba emlandweni wabasebenzi nothuthuva emphakathini.

Ngifisa-ke ukuthatha leli thuba ngifisele abasebenzi bonke beSifunda nasezweni lonke jikelele, nasemhlabeni ngokunjalo, uSuku lwabaSebenzi oluhle. Uhulumeni wentando yabantu walwamukela lolu Suku selokhu waqala ukuba khona ngo-1994. Ngalo sikhumbuzana ngeqhaza labasebenzi nezinyunyana emzabalazweni wenkululeko, kanjalo

> "USuku lwabaSebenzi kuleli lunobumqoka ngisho kusikompilo njengoba leli holide selihambe olude ukhalo ekulungisekeni kwesimo samalungelo okulingana emsebenzini ngemuva kwezimpi ezimuncu ngenqubo yobandlululo lapho izinyunyana zazilwa imini nobusuku.

nomsebenzi owenziwa izinhlangano zabasebenzi umhlaba wonke ukuthela othulini umbuso wobandlululo.

USuku lwabaSebenzi kuleli lunobumqoka ngisho kusikompilo njengoba leli holide selihambe olude ukhalo ekulungisekeni kwesimo samalungelo okulingana emsebenzini ngemuva kwezimpi ezimuncu ngenqubo yobandlululo lapho izinyunyana zazilwa imini nobusuku.

**INyanga yaBasha**

Njengoba sigubha inyanga yentsha eNingizimu Afrika, okwenzeka ngenyanga kaJuni kwazise iholide loSuku lweNtsha lungomhla ka-16 Juni, kufanele sethulele isigqoko intsha yakithi. Ngalesi sikhathi sikhumbula iqhaza lentsha eyama iphikisana ngokugxishwa ngenkani izifundo ngesiBhunu ezikoleni. Leli kwaba yiqhaza elomqoka lentsha ekulwisaneni nobandlululo ngezigigaba ze-Soweto Uprising zango-1976. Okwenzeka ngalowo nyaka kwaba nesandla esikhulu ekukhameni ababusi bobandlululo. Sekungene umbuso wentando yabantu umhla ka-16 Juni wabiyelwa njengoSuku lweNtsha kuzwelonke. Kumele ikwazi lokhu intsha yanamuhla ngoba imi emagxalabeni ezingwazi ezathi cha ngobandlululo.

**Ukulethwa kwezidingo**

Siyawusonga unyakamali ka-2024/2025 manje njengoba usuku lokugcina kungumhla ka-30 Juni 2025. Ngifisa ukubonga uMkhandlu nabaphathi ngomsebenzi oseqwenziwe ekubhekeleni izidingongqangi zezakhamuzi zaseHarry Gwala.

Kulolu shicilelo lwamanje nokwedlule, senze konke okusemandleni okugqamisa esikwenzule eSifundeni sethu, saveza nezinselelo esibhekene nazo endleleni yethu yokuphucula izimpilo zabantu.

Ngiyabazisa ubumqoka bokufunda kwenu lolu shicilelo futhi ngigqugquzela abantu eSifundnei ukuba baqhubeke nokuxhumana ngqo nabaholi ababakhetha nangezindlela ezahlukene ezikhona. Ngiyabonga

ISETHULO SEMENENJA KAMASIPALA

# ISifunda nomhlangano omqoka wamasu amasha, izinhlelo ze-IDP nesabelomali ezizoba umhlahlandlela wokulethwa kwezidingo



**UMnu uGamakulu Ma-Art Sineke**
IMenenja kaMasipala

AKUKUDALA sibuyile emaholidini ePhasika futhi ngethemba lei khefu linikeze izakhamuzi zeSifunda iHarry Gwala ithuba lokukhokha umoya. UMasipala weSifunda iHarry Gwala usanda kuphothula umkhankaso wawo wwe-Intergrated Developmeent Plan (IDP) komasopala abehlukene ngaphansi kweSifunda sethu, lapho besigxilise kakhulu ekulaleleni okushiwo umphakathi sethula nesesikwenzile mayelana nokulethwa kwezidingo.

Imikhankaso ye-IDP, eqale ekwethwaseni kwenyanga ka-Ephreli 2025 kwaze kwaba sekupheleni kwayo, isinike ithuba thina baholi nezikhulu zikamasipala ukuba sixhumane ngqo nabantu, sibike esikwenzile ngemibono ababeyenzile phambilini ukuze siqinisekise ukuthi silandela lokho okufiswa yizakhamuzi. Abantu basinikile imibono yabo malungana nokulethwa kwezidingo, okuzokwenza ngcono umsebenzi kamasipala wokuphasisa isabelomali ngokuhlelela phezu kwezifiso zomphaphakathi.

Akumele nakancane siyibukele phansi le mikhankaso ngoba iyingxenye yohlelo lwe-IDP komasipala. Umthetho iMunicipal Systems Act ka-2000 usho njalo. Nomthetho iMunicipal Structures Act, 117 ka-1998 nawo uyacacisa ngohlaka nomsebenzi womasipala ekuqinisekiseni ukuzibandakanya komphakathi ekwenziweni kwezinhleko zentuthuko.

Njengoba sisekoteni lesine lonyakamali ka-2024/2025, uphiko lwethu lwezimali lumatasa lulungisa futhi luchibiyela imithetho-mgomo emayelana nesabelomali, ngokulandela umthetho iMunicipal Systems Act (No. 56 ka-2003), othi:-

1) IMenenja kaMasipala kumele ihlele noma ithathe zonke izinyathelo ekulungiseni imithetho-mgomo yesabelomali, nokuchibiyelwa kwale nqubomgomo ilandela umthetho ofanele ukuze yethulwe eMkhandlwini kaMasipala kungakashayi isikhathi esibekwe imeya ngokusho komthetho u-Section 21 (1) (b) walo mthetho.

Lokhu kuqinisekisa ukuthi uhlelo lwethu lwezimali luambisana nemigomo ebekwe umthetho nezidingo zomophakathi.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala ube nomhlangano wokubuyekeza amasu ngoMeyi 2025. Inhloso yalo mhlangano bekunguhlanganisa nokuphucula imigomo ezokwazi ukumelana nezinselelo eziphambi kwethu, kusetshenzelwe uwonkewonke kunokubhekela abambalwa. Le nguyazana yahamba kahla kakhulu njengoba imigomo yabuyekezwa lapho kunesidingo khona, kulandelwa imiklamo yomthetho.

Ukubamba imihlangano enjengale kumqoka ekubumbeni ikusasa likamasipala nokuqinisekisa ukusebenza okuhle kukahulumeni. Ngaphambi kwalo mhlangano kwaba nokucutshungulwa kwezinto ezingaba yizithiyo endleleni esakwenza mhla ka-13 no-14 Mashi 2025. Lapha sasisefa lobu bungozi ukuze lawo maphuzu abhaliswe njengezihibe ezingavela kumasipala.

Ngihlaba umkhosi kubasebenzi bakamasipala ukuba baqonde ukuthi ukuzinikela nokwethembeka kuphela okungasifikisa ezinhlosweni nasesicongweni sezinhlelo zokusebenzela umphakathi. Kungumkhuba omuhle ukuthi umsebenzi siwenze sengathi ngowethu, ngokuqinisekisa ukuthi bahlala besemsebenzini ngesikhathi somsebenzi futhi bayasebenza.

Simile ekuzinikeleni ngokwakha ikusasa elingcono kuMasipala weSifunda. Ngokusebenza ngokubambisana siyazi ukuthi uzokwenzeka umehluko ezimpilweni zabantu nasemphakathini wonkana. Sibonga ukuqhubeka nokuseseka nokusebenzisana nathi.

> “Simile ekuzinikeleni ngokwakha ikusasa elingcono kuMasipala weSifunda. Ngokusebenza ngokubambisana siyazi ukuthi uzokwenzeka umehluko ezimpilweni zabantu nasemphakathini wonkana.

**Ngiyabonga**
**Mnuz G.M. Sineke**
**IMenenja kaMasipala**

## ABAQONDISI ABAPHEZULU



**UMNU UKHULANI MTHEMBENI BRIAN MZIMELA**
ISIKHULU ESIPHEZULU SEZEZIMALI



**UMNU UNKULULEKO BIYASE**
IZINSIZAKALO ZENGQALASIZINDA



**UNKK UTHOBILE THELMA MATHIYANE MAGAQA**
EZABASEBENZI



**MR. LINDUMUSA GWALA**
IZINSIZAKALO ZAMANZI



**UMBIKO NGAMANZI - UDIDIYELWE ITHIMBA LAMANZI EHARRY GWALA**

# UKULAWULA KOKUSEBENZA KWAMANZI

ININGIZIMU Afrika ibalwa namazwe angenawo amanzi amaningi lapho abantu bexakwe yizingqinamba zokuphelelwa amanzi. Lezi zinselelo zidinga ukubhekwa ngeso elibanzi kulandelwa umthetho iNational water Act, uhlelo lwe-Integrated Water Resource Management (IWRM), nezindlela zokonga nokusatshalaliswa kwamanzi okulinganayo ukuze kungabi nokumoseka.

**Umthetho noHlaka lokusebenza:**

- **Umthetho i-National Water Act (NWA):** Lona ngumthetho omqoka ekuphathweni kwamanzi, ogcizelela ukongeka nokusatshalaliswa kwamanzi ezokwenelisa bonke abantu.
- **Uhlelo lwe-National Water Resource Strategy (NWRS):** Lolu hlaka lokusebenza lukhuluma ngezindlela zokuvikela, ukusetshenziswa nokuthuthukiswa, ukongiwa, ukulawulwa nokuphathwa kwamanzi.
- **Uhlelo lwe-Integrated Water Resource Management (IWRM):** Lukhuthaza intuthuko edidiyelwe nokuphathwa kwamanzi nenye imvelo esemhlabathini ukuze umnotho womphakathi uwusebenzele futhi kuvikeleke nendalo.
- **Umthetho i-Water Services Act:** Ugcizelela ekulandelweni kwemigomo yokusatshalaliswa kwamanzi nezenhlanzeko.

**Izinselelo nezingqinamba:**

- **Ukuvikeleka kwamanzi:** INingizimu Afrika iyizwe elomile yize ithola izimvula ezincane namanzi angaphansi komhlaba ekhona. Lesi simo senza kubakuleke kakhulu ukuvikelwa kwamanzi ukuze kungafiki isikhathi lapho eseshoda mawala - abantu bakwazi ukwabelwa ngokulingana.
- **Ukuguquka kwesimo sezulu:** Isimo sezulu sishintshe kakhulu, asisahleleleki njengoba sekuvele kube nesomiso esikhaleni nezikhukhula okwenza kube nzima ukulawula ukusebenza kwamanzi. Lolu shintsho kumele luhlelelwe njengoba ukuguquguquka sekuzwela ezweni lonke.
- **Ukwanda kwabantu namadolobha:** Isibalo sabantu eNingizimu Afrika siya ngokukhula, okwenza sikhule nesidingo samanzi. Nokukhula kwezindawo ezingamadolobha nokwanda kwezimboni kufaka eyakho ingcindezi emanzioni adingakalayo, okuholela ekutheni anciphe amanzi ahlinzekelwe lokhu kukhula.
- **Ukukhula mawala kwezidingo zamanzi:** Ukusetshenziswa ngokweqile kwamanzi yilabo abawasebenzisayo njengabalimi, izimboni nabezimayini kwengeza ezinye izinkinga ngamanzi.
- **Ukuphakelwa kwamanzi okungalingani:** Ukuphathwa budlabha kwamanzi abanawo kulimaza labo abangenawo afika ezindlini nabangakangeni ezinhlelweni zenhlanzeko.
- **Izingqinamba zengqalasizinda:** Ukushoda nobuthaka kwingqalasizinda yokuphakela amanzi kungadala ukulahleka kwawo. Kokunye ingqalasizinda isigugile kanti kokunye ayikho kwanhlobo okungaholela ekushodeni kwamanzi. Ezindaweni eziningi amanzi ayamosheka ngokuvuza kwamapayipi nokungasebenzi kahle kokuphakelwa kwawo.

**Amasu nezindlela zokuphathwa kwamanzi:**

- **Ukongiwa kwamanzi nokulawulwa kokuwasebenzisa:** Izindlela zokonga ukuze kwehliswe ukusetshenziswa kwamanzi kusetshenziswa ubuchwepheshe besimanje, imigomo yokuwakhokhela nemikhankaso yokuqwashisa abantu ngokonga amanzi.
- **Ukulawulwa kwezinganhle lamanzi:** Ukuvikelwa kwamanzi anganukubezwa nokuqinisekisa ukuthi asezingeni elihle lokusetshenziswa ngezindlela ezahlukene.
- **Ukulawulwa kokusebenza kwamanzi angaphansi komhlaba:** Ukudonsa amanzi angaphansi komhlaba ukuze kwengezwe kwasemifuleni nasemadamini.
- **Ukuqoqa amanzi emvula nokusebenzisa asesebenzile ngenye indlela:** Ukubheka ezinye izindlela zokuthola amanzi ukuze kungancikwa endleleni eyodwa.
- **Ukuphathwa kwamanzi ezizibeni:** Ukulawula amanzi lapho eqoqekela khona, kube kuqaphelekile ukuxhumana kwemihosha namahlathi okwenziwa amanzi.
- **Ukuzibandakanya kwabathintekayo:** Ukusondeza bonke abathintekayo ekuphathweni kwamanzi ukuze amanzi asatshalaliswe ngokulinganayo nangokongeka.

***UNGASALI:** Ungaphuthelwa ushicilelo olulandelayo lapho sizobe senaba ngezindlela zokulawula amanzi nokuthi ungabamba liphi iqhaza ekongekeni kwamanzi.*




**Abasubathi sebelungele ukuqala komjaho Athletes emgwaqeni u-R61, eHighflats (R61) bebheke eMzimkhulu FET Sayidi College.**

# UMJAHO I-HARRY GWALA DISTRICT MARATHON UGUBHA IMINYAKA EYISHUMI

KUTHAKASELWE ishumi leminyaka umjaho wodumo eSifundeni, i-Harry Gwala District Marathon, ophelele eMzimkhulu, eSayidi FET nonyaka.

Ubhedu kulo mjaho wakamuva luthathwe uSinethemba Tshangase waseMzimkhulu oqede ngesikhathi sika-2:20:48, wahlomula ngesheke lika-R60 000 lalo mqhudelwano wokugijima ibanga lika-42.2km. Endaweni yesibili kulandele uNtsindiso Mphakathi obesezithendeni zikaTshangase ngo-2:21:01 kwathi Sphamandla Nkosi walala isithathu ngesikhathi sika- 2:21:13. Kusobala ukuthi lezi zinsizwa bezibelethene eduze.

Kwabessifazane isicoco sika-2025 sithathwe uRholex Kogo waseKenya naye ugixabezwe ngesheke lika-R60 000 nesikhathi sakhe sika- 2:42:11. Ulandelwe yisilomo saseHarry Gwala uJenet Mbhele ohlumule ngo-R30 000 ngesikhathi sika-2:49:59, indondo yethusi kuNobukhosi Tshuma okhale wemuka nesheke lika-R15 000 ngokuqeda umjaho ngesikhathi sika-2:53:21.

IMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo obephuphuma yinjabulo ngempumelelo yomjaho, ithe ungathi yiphupho ukuthi lo mqhudelwano usuhlanganise iminyaka eyishumi futhi uyakhula unyaka nonyaka.



"Akukholakali ukuthi sekube yiminyaka eyishumi njalo, kufanele sikujabulele ngempela lokhu kufana nokuhlabana ikakhulu njengalokhu umjaho usalokhu ukhula. Kuningi esisadinga ukukwenza ukuze abagijimi abaningi bekwazi ukuba kulo mjaho," kusho uMkhatshwa.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala ebambisene noMasipala beziNdawo uBuhlebezwe noMzimkhulu, uMnyango weZemidlalo, Ubuciko namaSiko, i-Genius Athletic Club nabanye abayingxenye yalo mcimbi yibi

























abebesingethe iHarry Gwala Marathon.

Kusukelwe ku-R612 eHighflats, kwaqedwa eMzimkhulu College. Isihlangene imali yemihlomulo ifinyelele ku-R500 000.

OnguMqondisi walo mjaho, uCeli Makhoba ephawula ngawo uthe kuyathokozisa ukubona abagijimi abaningi bengenela lo mqhudelwano.

"Kufanele ngempela siyigubhe iminyaka eyishumi yomjaho iHarry Gwala District Marathon. Isibalo sabangenelayo silokhu senyuke njalo, nomjaho ukhula unyaka nonyaka," kunanela uMakhoba uselokhu kwaqala uyingxenye yalo mjaho.

**Bese kuyisikhathi sokujabula kwabawinile nabebeseka abagijime umjaho i-Harry Gwala District Marathon. Lona bekungumgubho wonyaka weshumi kubanjwa lo mjaho.**

## Imiphumela ye-Harry Gwala Marathon:

### Abesilisa ku-42.2 km
1. Sinethemba Tshangase
2. Ntsindiso Mphakathi
3. Sphamandla Nkosi
4. Moeketsi Mosuhli
5. Cijimpi Molio
6. Mfundo Changwe
7. Phumlani Dlamini
8. Makwande Mngcwengi
9. Mholi Jali
10. Asisipho Joshia Maimane

### Abesifazane ku-42.2km
1. Rholex Kogo
2. Jenet Mbhele
3. Nobukhosi Tshuma
4. Mathanda Letsie
5. Khechane Refiloe Pascalina
6. Fikile Mbuthuma
7. Kebogile Motshabi
8. Unathi Mngcwengi
9. Zama Mokoena
10. Lines Chaka

### 21.1km Wabesilisa
1. Thabang Sekonyela
2. Nkosikhona Mhlakwana
3. Badboy Toka
4. Letlatsa Nape
5. Siboniso Sikhakhane
6. Benjamin Nyongesa
7. Tshepang Mokhethi
8. Lindelani Mjwara
9. Zukile Vellem
10. Timothy Kipkoech Kosgey

### 21.1km Wabesifazane
1. Andisiwe Njunguza
2. Nonhle Dlamini
3. Nokuthula Ntshangase
4. Silindile Biyela
5. Nokukhanya Memela
6. Sinothile Mthiyane
7. Them belle Mjwara
8. Refiloe Karreebos
9. Siphokazi Nkababe
10. Thembisile Mnwelase

### 10km Wabesilisa
1. Tsietsi Sello
2. Semenya Nkoka
3. Teboho Noosi
4. Mphatso Nadolo
5. Simphiwe Mdakane

### 10km Wabesifazane
1. Nthabisengi Letokoto
2. Malineo Malolo
3. Anele Ndawonde
4. Rorisang Tlhola
5. Inganathi Ngubo

# UMKHANKASO WE-IDP KA-2025




**UMasipala weNdawo iGreater Kokstad unikele ngamathuluzi okusebenza kubalimi bomphakathi e-Mariaskop.**

NGOKOMTHETHO i-Municipal Systems Act (MSA) (Act 32 ka-2000) kuyimpoqo komasipala ukuthi balungielele, babuyekeze izinhlelo zabo ngaphansi kwe-Intergrated Development Plans. Isigaba uSection 24 we-MSA sikubela kucace ukuthi umasipala kumele lezi zinhlelo zihambisane futhi zeseke izinhlelo zentuthuko nezinhlelo zomasipala abathintekayo neminye iminyango yoMbuso ukuze kufezeke imigomo yokusebenza ngokubambisana kukahulumeni okukhulunywa ngakho ku-Section 41 woMthethosisekelo.

LO mthetho uphinde uyalele ikomidi eliphezulu kumasipala nemeya, noma uma umasipala engenalo leli komidi noma imeya, kube yisigungu samakhansela esikhethwe umkhandlu kamasipala, ngokulandela isigaba sika-Section 29 senze lokhu:

- Silawule ukuhlanganiswa kohlelo lwe-Integrated Development Plan kamasipala;
- Ukudlulisela lo msebenzi kuMenenja kaMasipala,
- Ukwethula uhlaka lwalolu hlelo eMkhandlwini ukuze wamukelwe.

U-Section 26 walo mthetho uphinde uyalele omasipala ngezinto ezimqoka ohlakeni lwe-Intergrated Development Plans okufanele luveze lokhu:

(a) Umbono womkhandlu kamasipala ngentuthuko yesikhathi esizayo ongizelela ezidingweni eziphambili zikamasipala lowo;
(b) Ukuhlaziya izinga lentuthuko ekhona kumasipala ngaleso sikhathi, lapho kumele kuhlaluke imiphakathi engenazo izidingo ezimqoka;
(c) Izinto eziphuthumayo ezibhekene nentuthuko kulowo masipala nezinhloso zaleso sikhathi okhethelwe sona, okubalwa kuzo izinjongo zentuthuko yomnotho nezidingo zezinguquko zangaphakathi;
(d) Uhlaka lwamasu entuthuko kulowo masipala okumele ahambisane nezibopho zomthetho obhekene nokusebenza komasipala;
(e) Uhlaka lwentuthuko okumele lucacise imigomo yokusetshenziswa komhlaba okuhlelekile;
(f) Amacebo okusebenza koMkhandlu;
(g) Izinhlelo ezibhekele ukulawula iizinhlekelele;











**Abetheleke ngobuningi bawo amalungu omphakathi abehambele imikhankaso ye-IDP eSifundeni.**

(h) Uhlelo lwezimali, okumele lukhombise isabelomali esingathekisiwe okungenani seminyaka emithathu;
(i) Izimpawu ezimqoka zokusebenza nezinhloso okumele kufinyelelwe kuzo ngokwesigaba uSection 41.

Ngokomthetho i-Municipal Systems Act ku-Chapter 14 kubekwe kwacaca ukuthi umasipala kumele ukwenze umkhuba ukuphatha okungaphambene nenqubo ebekelwe uhulumeni lapho wonke umuntu enezwi, futhi kumele enze lokhu:
(a) Akhuthaze, aphinde adale isimo sokuzibandakanya komphakathi ezindabeni zikamasipala ekulungiseleleni, ekwenzeni nokubuyekezwa kohlelo lwentuthuko oludidiyelwe ngaphansi kuka-Chapter 5 we-Municipal Systems Act.

Imikhankaso ye-IDP yonyakamali ka-2024/25 iqale mhla ka-1 Ephreli 2025 yaze yaphothulwa mhla ka-24 kuye u-Ephreli 2025. ISifunda kanye noMasipala beziNdawo ngaphansi kwaso - uMzimkhulu, Greater Kokstad, i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma noBuhlebezwe - sihambele amahholo omphakathi ahlukene kuboniswana nemiphakathi, nalapho abantu bebe nethuba lokubuza imibuzo nokucaciselwa ngezindaba zokulethwa kwezidingo.




**UMasipala uthenge amaloli amanzi amane okusiza ukuletha amanzi kubantu kusalungiswa ingqalasizinda.**

# ISIFUNDA IHARRY GWALA SIYAQHUBEKA NOKULWISANA NEZINKINGA ZAMANZI

UBUHOLI bukaMasipala weSifunda iHarry Gwala nabaphathi bayaqhubeka nokufingqa imikhono ekutholeni izisombululo ekuqedeni izinkinga zamanzi nezenhlanzeko.

Muva nje lo Masipala usanda kuthenga amaloli amanzi amasha amane njengendlela eyisibambiso yokuqinisekisa ukuthi amanzi ayafika kubantu ngokushesha. Lena ngeminye yemiphumela emihle yemizamo yophiko iHarry Gwala District Water ukuze uMasipala uqhubeke nokuthuthukisa iziphehlimanzi nemishini efanele ukuhlelela ikusasa lokulethwa kwamanzi eSifundeni.

Ngalinye ithangi leloli limumatha amalitha angu-18000 kanti likwazi ukusabalalisa amanzi ezigodini ezintathu ezahlukene ngosuku. Abasebenzi bakahulumeni bazosebenza amashifu ahlukene okuzokwehlisa izindleko zesikhathi esengeziwe sokusebenza ukuze kongeke imali ezokwazi ukulekelela kulezi zinhlelo zokulethwa kwamanzi.

Ngaphezu kwalokhu, uMasipala usukulungele ukuma ukuqasha nokusebenzisa amaloli aqashiwe okudla eshisiwe imali.

Umcimbi wokumukelwa kwamaloli ube mkhulu nenjabulo iphezulu emphakathini njengobe sekucaca ukuthi izinkinga zabo zamanzi sezizoncipha.

Kube nenjabulo nasezikhulwini zikaMasipala okubalwa kuzo iMenenja uMnuz Gamakulu Sineke, uSomlomo kaMasipala uKhansela Sibongiseni Mdunge, uSihlalo wezaManzi uKhansela Simphiwe Bekwa kanye nabaphathi beminyango kuMasipala.

Ephawula ngalokhu, uMeya kaMasipala weSifunda uMnuz ZD Nxumalo uthe uhlelo lwamaloli amanzi

> "Lokhu akusho ukuthi ezinye izindawo azinazo izinkinga zamanzi, zikhona kodwa kungcubangcono kuzo."













**Usodolobha kaMasipala weSifunda uKhansela Zamo Nxumalo, uthole ithuba lokuvivinya amaloli amanzi amasha athengiwe. Abaphathi kuMasipala, ubuholi bezepolitiki nabasebenzi bebe mdibi munye kulo mcimbi.**

alusho ukuthi azikho izinhlelo ezilungiselwa ukusondeza amanzi kubantu.

“Kunephrojekthi yokuvikela iziphethu zamanzi ezingu-35 nama-boreholes ukuqinisekisa ukuthi abantu bathola amanzi ahlanzekile,” kusho uMkhatshwa. Uphinde waqinisekisa ukuthi ukuthengwa kwamaloli amanzi kwaba esinye sezinqumo esaphuma esithangamini iWater Indaba.

UKhansela Nxumalo usenxuse umphakathi ukuthi usheshe ibike uma kukhona abasebenzisa la maloli ngokungemthetho. Uthe uzoxhumana futhi nanomasipala bezindawo ukuze kubikwe uma kukhona okungafanele okwenzeka ngala maloli.

Uthe inhloso enkulu ukuthi kungabi khona muntu ongawatholi amanzi. Njengoba uMasipala wengamele ezamanzi nokuphakelwa kwamanzi eSifundeni iHarry Gwala kungumsebenzi kaMasipala ukuqinisekisa ukuphakelwa kwamanzi nezenhlanzeko endaweni engaphansi kwakhe.

La maloli amane azohambela izindawo ezigagulwe njengezinezinselelo eziningi zamanzi. “Lokhu akusho ukuthi ezinye izindawo azinazo izinkinga zamanzi, zikhona kodwa kungcubangcono kuzo,” kuchaza uMkhatshwa.

Amaloli ahlukaniswe ngokoMasipala beziNdawo uMzimkhulu, i-Dr Nkosazana Dlamini Zuma noBuhlebezwe. La maloli adle isamba sika-R 11 732 891,79.

# UHLELO LOKUPHAKELWA AMANZI I-GREATER MNQUMENI PHASE 5 KANYE NOHLELO I-6 (AFA) MIS467168 LOKUPHUCULWA KWE-GREATER MNQUMENI WATER TREATMENT WORKS AND PUMPING STATIONS

Inombolo yenkontileka: **HGDM 769/HGDM/2021** | Usuku lombiko: **7 Ephreli 2025**

**IMININININGWANE NGEPHROJEKTHI**
Igama: **GREATER MNQUMENI WATER SUPPLY SCHEME PHASE 5 AND 6 (AFA) MIS467168**
**MNQUMENI ABSTRACTION WORKS, PUMPING SYSTEM AND RISING MAIN: CIVIL, MECHANICAL AND ELECTRICAL.**
Inombolo ebhaliswe ngayo: **2021MIGFDC43418415**
Inombolo ye-MIG-MIS: **MIS467168**
Indawo: **Coordinates: Lat-S 30° 27' 21.18" Long-E 30° 00' 40.48"**
**Local Municipality: uMzimkhulu LM, WARD 12, 13, 14,16**
Uhlobi lwephrojekthi: **Eyamanzi**
Imali (NOR): **R 92 838 948.29**
Izindleko: **R 84 424 325.28**
Inani elisebenzile eminyakeni edlule: **R 59 169 597.74**
Imali esisebenzile kunyakamali 2024/2025: **R 11 570 378.44**
Imali esebenze kule nyanga (ngokwe-Claim ethunyelwe): **Mabona Civils (IPC19): R776 765.96 incl. VAT**
**ECA Consulting: R 0.00 incl. VAT**
**Total: R 776 765.96 incl. VAT**
Izindleko ezingaphezulu ezisele (kule nyanga): **Mabona Civils: R 1 400 00.00 incl. VAT**
Okusha/Okuvuselelwe/Okuphuculiwe: **New**
Igama labeluleki: **ECA Consulting**
Igama lenkontilaki: **Mabona Civils and Plant Hire**
Usuku lokufika (ukuba sesayithini): **12 Okothoba 2022**
Usuku lokuqala komsebenzi: **13 Okothoba 2022**
Ukuqokwa kwabeluleki: **6 Julayi 2022**
Usuku lokutholakala kwesiza: **13 Okothoba 2022**
Usuku okulindeleke kuqedwe ngalo: **19 Julayi 2023**
Ukubambezeleka (chaza): **Imvula, isimo esibi sezulu, Umnyango wakwa-EDTEA nokufinyelela ezindaweni zokusebenza ngesikhathi, umsebenzi owengeziwe**
Isikhathi okunwetshwe ngaso: **966 wezinsuku**
Usuku olubuyekeziwe lokuphothula: **5 June 2025**
Inhlawulo: **0 izinsuku @ R3000 ngosuku = R0.00**
Usuku Lokuqeda Okulindelekile: **5 June 2025**


**UBUNGAKO BEPHROJEKTHI**
Ubungako nobukhulu bomsebenzi kufaka lokhu okulandelayo:
- Ukusungulwa kwenkompolo yenkontilaki nokufika kwemishini esizeni nokususwa kwenkompolo
- Umsebenzi wesikhashana ozovulela inkontilaki ikwazi ukwakha i-abstraction tower
- Ukugxunyekwa kwezinsika emadwaleni ayisizinda
- Ukwakhiwa kwe-abstraction tower kakhonkolo nebhuloho lokuwela
- Ukwakhiwa ngezitini kohlaka lukakhonkolo lwebhilidi le-pumping station phezu kwe-abstraction tower
- Ukuthengwa nokulethwa esayithini kwazo zonke izinto zokwakha, amapayipi nezinye izidingo
- Ukufakwa kwayo yonke imishini yokuphampa, amapayipi nokunye.
- Ukuthengwa nokulethwa esayithini kwamapayipi alinganiselwa ku-515m of 355mm PN 12.5 PE100 HDP.
- Ukugegwa kwesayithi nokususwa kwezihlahla eduze komgwaqo nemizila yamapayipi.
- Ukumbiwa komsele olinganiselwa ku-515m wepayipi.
- Ukusondezwa, ukubekwa, ukushiselwa nokuvivinywa nokuhlanzwa kwepayipi elilinganiselwa ku-355mm ukuzungeza nobude obungu-515m.
- Ukwakhiwa kwama-valve, ama-valve omoya indawo yokuhlanza nendlu yemitha lokukala amanzi.
- Ukwakhiwa komgwaqo olinganiselwa ku-180m ubude nobubanzi obungu-3.5m wokuza esayithini.
- Ukwakhiwa kwemithangala evimba inhlabathi
- Ukubhidlizwa kwezinto ezikhona njengamanje
- Ukubuyiselwa kwezinto ezizobuye zisebenze nokubeka amatshe omthangala azobuye afakwe kabusha.
- Ukuvuselelwa nokupheshwa kwesiphehli samanzi esikhona
- Ukuvuselelwa nokukhandwa kwama-pumping stations
- Ukuvuselelwa nokukhandwa kwamapayipi amile akhona
- Ukuvuselelwa nokukhandwa kwezigcinimanzi zikakhonkolo ezikhona.
- Ukunakekela wonke umsebezi izinyanga ezingu-12 ngemuva kokukhishwa kwesitifiketi sokuphela komsebenzi.

Le phrojekthi isisemaphethelweni.

**GREATER MNQUMENI WATER SUPPLY SCHEME PHASE 5 AND 6 (AFA) MIS467168**
**Gabion Location: 30°27’20.05”S 30°00’40.93”E**







# UMSEBENZI WOHLELO I-GREATER MNQUMENI WATER SUPPLY SCHEME PHASE 5 AND 6 (AFA) MIS467168 UPGRADE OF GREATER MNQUMENI WATER TREATMENT WORKS AND PUMPING STATIONS

Inombolo yenkontileka: **HGDM 769/HGDM/2021** | Usuku lombiko: **7 Ephreli 2025**

**IMINININGWANE NGEPHROJEKTHI**
Igama: **GREATER MNQUMENI WATER SUPPLY SCHEME PHASE 5 AND 6 (AFA) MIS467168**
**MNQUMENI ABSTRACTION WORKS, PUMPING SYSTEM AND RISING MAIN: CIVIL, MECHANICAL AND ELECTRICAL.**
Inombolo ebhaliswe ngayo: **2021MIGFDC43418415**
Inombolo ye-MIG-MIS: **MIS467168**
Indawo: **Coordinates: Lat-S 30° 27' 21.18" Long-E 30° 00' 40.48"**
**Local Municipality: uMzimkhulu LM, WARD 12, 13, 14,16**
Uhlobi lwephrojekthi: **Eyamanzi**
Imali (NOR): **R 92 838 948.29**
Izindleko: **R 84 424 325.28**
Inani elisebenzile eminyakeni edlule: **R 59 169 597.74**
Imali esisebenzile kunyakamali 2024/2025: **R 11 570 378.44**
Imali esebenze kule nyanga (ngokwe-Claim ethunyelwe): **Aquaplan: R490 881.12 incl. VAT**
**ECA Consulting: R 0.00 incl. VAT**
**Total: R 776 765.96 incl. VAT**
Izindleko ezingaphezulu ezisele (kule nyanga): **Aquaplan: R1 237 373.72 incl. VAT**
Okusha/Okuvuselelwe/Okuphuculiwe: **New**
Igama labeluleki: **ECA Consulting**
Igama lenkontilaki: **AquaPlan SA**
Usuku lokufika (ukuba sesayithini): **26 Okthoba 2022**
Usuku lokuqala komsebenzi: **27 Okthoba 2022**
Ukuqokwa kwabeluleki: **6 Julayi 2022**
Usuku lokutholakala kwesiza: **31 Januwari 2023**
Usuku okulindeleke kuqedwe ngalo: **26 Okthoba 2023**
Ukubambezeleka (chaza): **Imvelo + isimo esibi sezulu + umsebenzi owengeziwe**
Isikhathi okunwetshwe ngaso: **336**
Usuku olubuyekeziwe louqeda: **26 Septhemba 2024**
Usuku okungaqeka ngalo: **24 Julayi 2024**
Usuku lokunikezelwa komsebenzi kubanikazi: **14 Novemba 2024**
Isikhathi sokulungisa amaphutha: **14 Novemba 2024 kuze kube u-14 November 2025**

**UBUNGAKO BEPHROJEKTHI**
Umsebenzi ngaphansi kwale nkontileka uzokwenziwa umkanye ezigabeni ze-Civil, Mechanical ne-Electrical. Usonkontileka omkhulu uzokwenze nomsebenzi weCivil noweMechanical aphinde aziqokele ngokwakhe osonkontileka beCivil, Mechanical nabe-Electrical.

Lo msebenzi uzofaka ukudweba okugcwele nokudidiyelwa kwamaphepha omsebenzi, aphinde athenge zonke izinto zokusebenza, imishini, okukagesi nama-control panels, amathuluzi okukala nawokulawula, amakhebuli nayo wonke amathuluzi namaphathi adingeka kulo msebenzi okubalwa nabasebenzi, imishini, o-supervisor, izimoto, amanzi, umoya nogesi nakho konke okudingekayo ekufezeni lo msebenzi.
Amanzi azodonswa emfuleni Ibisi abekwe emathangini amanzi angahlanziwe esayithini. Isiphehli manzi esizokwakhiwa sizofakwa amanzi angakahlanzwa asuka emathangini akhona. Amanzi azobe esehlanziwe azodluliselwa ethangini elehlukile.

Isiphehli esizokwakhiwa sizoba sesakhiweni semishini. Isakhiwo sesisonke sizoba nalokhu okulandelayo:

- Ukulethwa kwamanzi angakahlanzwa adlule esisefweni esithululela kubheseni waso.
- Ukwengezwa kwamakhemikhali okuhlanza amanzi okukhona kuwo i-chlorine nezinye izinhlanzi.
- Ukuzinziswa kwe-Lime
- Amagagumbi okumekisa nezigubhu zamakhemikhali
- Ukudidiyelwa kwamakhemikhali namanzi angakahlanzwa
- Ukudidiyela ngesineke nokusefwa ebhesenini oseceleni ozodlulisela esitsheni sokucwebisa amanzi
- Ukucwenga amanzi asesefiwe
- Ukugcinwa kwamanzi asecwengiwe ephampini yokucwebisa Storage of clarified water in a pump sump/clear well
- Ukusefwa kwehlabathi amanzi afakwe kuma-filter okuwaxukuza
- Ukugcinwa kwamanzi emthonjeni ohlanzekile
- Izinto zokugeza konke obekusetshenziswa
- Ukuyakazwa kwamanzi aselungisiwe nokuhlanzwa kwamathuluzi
- Ukufakwa kwamanzi aselungile esigcinimanzini
- Kuhlanzwa yonke imishini ebisebenza amanzi, kukhucululwe nodaka

Amanzi azobe esedlule kuzo zonke lezi zigaba ayobe esethakwa nge-chlorine gas adluliselwe ethangini lokubekelwa ukuba asetshenziswe umphakathi. Ubungako bomsebenzi bufaka lokhu okulandelayo:

- Ukubuyiselwa isakhiwo ngokwepulani yobungako bama-pumpstations, sekubalwa nokulungiswa lapho bekudingeka khona.

Le phrojekthi isifana nephelile.

**GREATER MNQUMENI WATER SUPPLY SCHEME PHASE 5 AND 6 (AFA) MIS467168**
**Location: 30°27'21.11"S 30°00'49.78"E**
























# UMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA UBE NOMHLANGANO OBE YIMPUMELELO WEKHOMISHINI YABESIFAZANE

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala ubambe ngempumelelo umhlangano wezinhlelo zonyaka ze-Women's Commision oqale mhla ka-17 Febhuwari waphela ngakusasa mhla ka-18 Febhuwari.

Ingqikithi yanonyaka ibithi "Gender Responsive Budgeting", igxile ezindabenj zokulingana kobulili nezidingo zabesifazane lapho kudingiswa isabelomali. Lesi sithagami sokuhlela sicubungulisise inqubekelaphambili eseyenziwe yile Khomishini yaBesifazane kubo bonke omasipala bezindawo ngaphansi kweSifunda iHarry Gwala, kwadingidwa nezindlela zokuthuthukisa umsebenzi weKhomishini ukuze kufezeke zonke izinjongo zokwenza ngcono impilo yabesifazane eSifundeni sonke.

USomlomo wase-Harry Gwala, uKhansela Sibongiseni Mdunge, ngesikhathi emukela iziithunywa kulo mhlangano ugcizelele ubumqoka beqhaza elingabanjwa abesifazane nokubaluleka kwezwi labo ngesikhathi kuhlanganiswa isabelomali.

OnguSihlalo we-Women's Commission, uKhansela ZP Dlamini, uthe ushintsho lungaqhamuka ezinhlakeni ezifana nale Khomishini.

Izihloko ezimqoka okukhulunywe ngazo zithinte lokhu okulandelayo:

- Ukuhlela isabelomali esicabangela ukulingana kwezobulili
- Isihluku esibhekiswe kwabesifazane nezinhlelo zokubathuthukisa
- Women Participation in Key LED economic drivers
- Iiznjongo zohlelo lwe-EPWP
- Ukuthuthukiswa kwabesifazane abasebuholini.

IKhomishini yaBesifazane iyikomidi elakhelwe ngaphansi kuka-Section 79(a) futhi lingaphansi kwesandla soMkhandlu. Ikomidi lisebenza ngokuhlangana njalo ngekota onyakeni futhi lithola isabelomali. Lihlanganiswe amakhansela angu-13 aseMkhandlwini, iNhloko yoMnyango eyodwa, Inhloko yomnyango eyodwa eyibamba, iChief Operations Officer, izimemenja zabesifazane nesithunywa se-Harry Gwala Development Agency (HGDA).

Inhlosongqangi yeKhomishini ukwenyusa izinga lokuzibandakanya kwabesifazane ebuholini nakwezinye izikhundla ezimqoka emawadini abakuwo nemiphakathi. Kungenye yezunhlosoo zekomidi ukuqinisekisa ukusebenza kwamakomidi angaphansi kukaSection 79(a) eSifundeni iHarry Gwala.

# UKUHLOLWA KWEZIKOLE EHARRY GWALA

## Kuqhubeka uhlelo luka-2025 lokuhlolwa kwezikole kuMasipala weSifunda iHarry Gwala









**Abafundi bezikole ezahlukene bahlomule ngezipho zezinsiza zesayensi ukuze bathuthukise imfundo yabo.**

IZIKHULU zikaMasipala weSifunda iHarry Gwala zibe yingxenye yohlelo lokuhlola ukulungela ukufunda ezikoleni njengoba zihambele eMavangana High School, eMashakeni eLufafa, neSizisizwe High School okuyisikole esise-Springvale ngaphansi kukaMasipala weNdawo iBuhlebezwe.

Inhloso yalolu hlelo ukuqhubeka nokuqinisekisa ukuthi izikole zisezingeni elifanele ukufunda nokukhuthaza abafundi abasezindaweni zasemakhaya ukuba basebenze ngokuzikhandla. Kuningi okwenziwayo ekulekeleleni izikole ukuba zenze kangcono kwezobuchwepheshe. Bheka nje kulokhu kuhlolwa kwakamuva iMeya kaMasipala weSifunda, uKhansela Zamo Nxumalo, ukhiphe izipho zezinsiza zesayensi, ama-calculator, ama-diary, amajazi asema-laboratory namavawusha okuthenga ezinye izinsiza kubafundi abafanele.

USomlomo kaMasipala, uKhansela Sibongiseni Mdunge nguye okhulume nabafundi balezi zikole echazela abafundi ngamathuba emifundaze akhona kuhulumeni kulabo abenza kahle ezifundweni zabo. USomlomo usebenzise ithuba wakhomoza abafundi ukuthi bangazithambisi ngemfundo, bahloniphe othisha baphinde basebenzise amathuba avezwa ezobuchwepheshe besimanje ukuze bazithuthukise. Siphila esikhathini sobuchwepheshe njengoba kukhulunywa nge-Fourth Industrial Revolution (4IR). Yisikhathi senu lesi ngoba ubuchwepheshe nizalelwe kubo, sisebenziseni ngokugcwele," kusho uSomlomo.

Njengoba unyaka uqale ngegiya eliphezulu ezikoleni zaseHarry Gwala, baningi abafundi ababheke ukuthi lo kube unyaka onezithelo ezinhle. Izikhulu zeSifunda zihlabe umkhosi ezikoleni nababambisene nazo ukuba baqhubeke nomsebenzi omuhle, begcizelela ekutheni ikilasi lika-2025 lenze kahle ngokwedlulele njengoba elangonyaka odlule lenze ezibukwayo.

Ngesikhathi kuhlolwa ezikoleni kukhona izinselelo ezivelile ezithinta ezenhlalakahle nemikhuba eyaba nomthelela ongemuhle nangonyaka ophelile. Othishanhloko namalungu amakomidi ezikole ama-SGB bachaze ngezinselelo ezibhekene nezikole zabo, banxusa noMasipala weSifunda noMnyango wezeMfundo ukuba bangenelele.



# UVALELISWE NGESIZOTHA UMSEBENZI OBEZINIKELE WASE-HARRY GWALA






















**Bekungumzuzu omuncu kozakwabo,abangani nomndeni besesikhumbuzweni sikamufi 'uBra Socks'**

KUBANJWE inkonzo enesizotha ngesikhathi uMasipala weSifunda iHarry Gwala ivalelisa umsebenzi obezinikele uMnuz Sokesimubone Memela muva nje.

UMemela, obedume ngelika "Bra Socks", uchazwe njengomunye wabantu ababezithobile kakhulu ethimbeni labasebenzi nbomnyango wezezimali, lapho esebenze khona iminyaka engu-21.

Kwabaningi ubaziwa njengensizwa eyiqhathanzipho ehlale igqoke kahle, nasemsebenzini wayo iziphethe kahle. UMemela udllule emhlabeni ngemuva kokugula isikhathi esifushane.

Bekubuhlungu kozakwabo abesebenza nabo ngesikhathi bechaza uhlobo lomuntu abenguye kukhona nomndeni nabangani bakhe enkonzweni yesikhumbuzo. Isikhulu nesikhulumi sichaze uMemela njengendoda eshiye igebe okungelula ukuba livaleke.

Inkonzo yesikhumbuzo ibibanjelwe eFairview Hall, eXobho. KuMasipala ubesebenza njenge-senior store clerk ngaphansi kwehhovisi lesabelomali nelikaMgcinimafa. Oyi-Chief Financial Officer kuMasipala, uMnuz Mthembeni Mzimela, ubemele iSifunda esikhumbuzweni nalapho ebonge khona umndeni kaMemela ngokumvumela asebenze kuMasipala. Uthe uzizwa enenhlanhla ukuthi wahlamngana, wasebenza noMnuz Sokesimubone Memela.

Oyi-Senior Human Resource Officer, uMrs Nosaziso Sikhosane, evala ifayela lomsebenzi osedlulile emhlabeni, ucaphune la mazwi: "Ukufa kuthatha umzimba, uNkulunkulu uthatha umphefumulo. Imicabango yethu ibamba inkumbulo. Izinhliziyo zethu zigcina uthando. Ukholo lwethu lusenza sikholwe ukuthi siyophinde sibonane futhi."

Obekhulumela umndeni uMnuz  Sakhile Memela ubonge kakhulu uMasipala ngokwenza inkonzo ebifanele owasebukhosini. "Egameni lomndeni sifisa ukudlulisa ukubonga ngale nkonzo yesikhumbuzo eniyihlelile kamfowethu. Ubewuthanda umndeni futhi ubewuthanda umsebenzi," kusho uSakhile, engeza ngokuthj ozakwabo emsebenzini nabo bebemthanda.

"Usuke unenkinga uma ungezwani nabantu osebenza nabo ngoba isikhathi esiningi usuke unabo kunabasekhaya. Siyaluzwa uthando lwenu nemfudumalo nangalesi sikhathi esinzima kangaka emndenini wethu. Umfowethu ubeyikho konke ekhaya. Siyezwakala isikhala sakhe," kwengeza uSakhile.

# KUSHONE OMUNYE UMSEBENZI OBEZINIKELE EKUSEBENZELENI UMASIPALA









**Umndeni, abangani nozakwabo bakaMnuz Mdu Memela bezomvalelisa okokugcina.**

KUPHINDE kwagadla futhi ukufa kubasebenzi bakaMasipala kudlula emhlabeni insizwa ebikhuthele, uMnuz Mduduzi Memela, obedume ngelikaMdu kwabebesebenza eduze naye.

Ubengomunye wabasebenzi abebezinikele kakhulu ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala, esebenza emahhovisi ase-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Local Municipality. Udlule emhlabeni mhla ka-7 Febhuwari 2025.

UMnuz Memela wazalwa mhla ka-25 Ephreli 1975 kanti uzokhunjulwa kakhulu njengomuntu owayeqotho, efunda ngokushesha izinto ezintsha, enenhliziyo enhle nonentethelelo. Abaningi bebemncoma ngokuthi ubephiwe ngokuthi uma kunezinkinga ubengashintsha egxila emsebenzini ophambi kwakhe.

Inkonzo yakhe yesikhumbuzo ibibanjelwe Etafuleni Hall, KwaPhini,. Ibihanjelwe abebesebenza naye, umndeni nabangani abebezomvalelisa okokugcina. UKhansela Bhekithemba Khathi waku-Ward 9 wemukele abebeze enkonzweni, waphawula ngesikhala esishiywe uMnuz Memela ukushona kwakhe osekuhlanganise uMasipala nomphakathi.

Umnuz Zwelikayise Hlengwa, oyi-Area Manager emahhovisi kaMasipala e-NDZ, uzwakalise ubuhlungu bakhe ngokudlula kukaMnuz Memela asebenze naye iminyaka eyisikhombisa.

Umnewabo kaMnuz Memela, uMnuz Sifiso Memela, uchaze umfowabo njengomuntu obethanda uxolo, engenawo amagqubu, eziqhelelanisa nodlame. Umngcwabo kaMnuz Memela ubuseMbhulelweni. UMasipala weSifunda iHarry Gwala wedlulisa induduzo emndenini kaMnuz Memela.







**Abesikhungo sezinhlekelele bathi 'usuku nosuku lumqoka, zibambe ziqine namuhla'**

# SIBE YIMPUMELELO ISITHANGAMI I-HARRY GWALA DISASTER MANAGEMENT INDABA

SIBANJWE ngenkulu impumelelo isithangami sophiko lwezinhlekelele ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala, e-Amble Inn eXobho.

Lesi sithangami, iHarry Gwala Disaster Manament Indaba, besibanjwe ngaphansi kwesihloko esithi "Usuku nosuku lumqoka, Asisukume sizibambe Ziqine", besiholwa uphiko lwezinhlekelele eSifundeni ngokubambisana noMnyango wakwa-Cogta KwaZulu-Natal nabakwa-National Disaster Management. Lapha bekuhlangene ongoti kwezokwenganyelwa kwezinhlekelele, abezimo eziphuthumayo, abezinkampani ezizimele, abacwaningi nezingcithabuchopho.

Ephefumula kuleli gunundu, imeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala uKhansela Zamo Nxumalo uthe: "Ngizizwa ngihloniphekile kakhulu ukuba yingxenye yesithangami kule Indaba ngoba isinika ithuba lokudingida nabo bonke ongoti emunxeni wezenhlekelele ngesimo esesivame ukubhekana naso esifundazweni KwaZulu-Natal. Njengohulumeni wezindawo sibhekana nesimo esingasaqageleki sezulu eminyakeni yamanje, ngaleyo ndlela sikhulu isidingo sokuqinisa ukulungela ulaka lwezulu lwanamuhla. Lena yinkundla enhle yokubonisana ngezindlela ezintsha ukulawula izinhlekelele, sikwazi ukwabelana ngamasu angavikela izimpilo zemiphakathi yethu. Le nselelo ibhekene nathi sonke."

Inhloso yokubamba Indaba ngesimo sezinhlekelele bekuyikho ukuvubela ndawonye izazi ukuze kuphume umhlahlandlela wokubhekana nale mbedumehlwana egadla iphindelela ngaphansi kwesiqubulo sika-2025 esithi ""Everyday Counts, Act for Resilience Today".

Kubaluliwe kulesi sithangami ukuthi uhulumeni usesezingeni elithe thuthu ngokuhlanganisa amacebo okubhekana nezinhlekelele zemvelo okubalwa kuzo imililo yequbula, izikhukhula nokunye okubeka impilo yabantu engcupheni. Phambilini kuze kube manje, isifundazwe sesihlaselwa yilo lonke uhlobo lwezinhlekelele, okwenza Indaba ifike ngesikhathi lapho isidingo sezisombululo ezisheshayo sisikhulu. Okubekwe ezithebeni yiningi lababezibandakanye kulo mbuthano kuveze obala ubumqoka bezexwayiso kusenesikhathi ukuze kwehle izingozi kanye nokwakha izakhiwo ezizokwazi ukumelana nesimo esiguqukile.

Kuphinde kwagcizelelwa ukuzilungiselela kohulumeni bezindawo, belungise indaba yentuthuko nezidingo zomphakathi ukuze bakwazi ukuphucula izindlela zokusheshe bangenelele uma kwehla iziga. Ayisalanga ngaphandle indaba yokuzihlela ekubikweni ngokuphuthuma kwezinhlekelele, nokuqinisa indlela yokusabalalisa ulwazi masisha ukuze abezimo eziphuthumayo bengafiki emuva kwendaba.

Isithangami sididiyele imibono yohulumeni bezindawo nokubuyekezwa njalo kwezindlela zokusukumela isimo sezinhlekelele, kwaphinde kwavezwa okuxine iSifunda mayelana nezimo ezinje. Ukufika kwesizini yezimvula sekuyinto eyaziwayo ukuthi kusho ukuthi kuzoba nezikhukhula ezweni lonke, futhi unyaka nonyaka lesi simo siya ngokuba mawala.

Yize abezimo eziphuthumayo nezinhlekelele benza okusemandleni ukusukumela phezulu, kusenezimpilo ezihlekayo, kulimale nengqalasizinda kuphinde kuphazamiseke ukulethwa kwezidingongqangi. Ukubuyisela isimo endaweni efanele ngemuva komonakalo kuba yinkinga enkulu ngenxa yesimo somnotho. Umthwalo esikhwameni sikazwelonke usuthanda ukuba ngaphezu kwamandla njengoba isimo sezinhlekelele silokhu siqhubekile.

# UMBIKO WEZINHLEKELELE

NGENYANGA kaFebhuwari 2025, uMasipala weSifunda iHarry Gwala ubhekane nolaka lwezulu njengoba kube nesichotho, iziwuhlu zezimvula, umoya ovunguza ngamandla, nemililo elimaze izakhiwo, ukuminza kwabantu nemibani emibi. Lokhu kwenzeke kubo bonke omasipala abane abakhele iSifunda.

Ibe ngu-74 isiyonke imizi ethintekile kulesi simo, u-34 wale mizi wabhubha waphela kwathi engu-43 kwadilika ingxenye yawo. Kule mizi eyaphazamiseka kunabantu abasala benganandawo yokufihla ikhanda, kwaphazamiseka izimpilo zabantu abangu-417. Ngesikhathi kuhlolwa umonakalo kwatholakala ukuthi akubanga khona muntu oshonile futhi akukho abalimala. EMzimkhulu kwaba nokuminza komuntu oyedwa ngaso lesi sikhathi kwathi kwesinye isigameko esasingahlangene nesimo sezulu kwabikwa ukufa kwabantu abathathu abamuka benza izinto zesintu emfuleni iNgwagwane Esidikideni, ku-Ward 2 eMzimkhulu. Izidumbu zabo zatholakala kamuva zikhishwa abatshuzi be-South African Police Services (SAPS).





**Izithombe ezikhombisa umonakalo owadalwa umlilo eGreater Kostad Local Municipality naseMzimkhulu.**

### IZEHLAKALO EZENZEKE NGOMASHI 2025

Ngenyanga kaMashi 2025 indawo engaphansu kweSifunda iHarry Gwala District Municipality yehlelwe yisimo esibucayi sezulu obekukhona kuso izimvula ezinamandla, umoya onolaka, imililo eshise izakhiwo nokwehla komphezulu. Lezi zigameko zenzeke kubo bonke omasipala bezindawo eSifundeni: i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, Greater Kokstad, uMzimkhulu, noBuhlebezwe.

Mhla ka-11 Mashi 2025 abakwa-South African Weather Service (SAWS) bakhipha isexwayiso sikaLevel 2 sezulu eliphazamisayo kusukela phakathi kwamabili mhla ka-13 no-14 Mashi 2025. Lesi sexwayiso sasihlose ukuvikela umphakathi njengoba leli zulu lalinobungozi kubantu nasezakhiweni. Abezinhlekelele esifundazweni bamisa ngomumo isikhungo sabo iProvincial Joint Operations Centre (JOC) kusukela ngo-8 ekuseni mhla ka-12 Mashi 2025. Bonke omasipala bezindawo nababambisene nabo bayalelwa ukuba behlale belindele.

Ingu-120 imizi eyaphazamiseka, kwathi izakhiwo ezingu-79 zabhidlika zaphela. Ezinye ezingu-72 zalimala ingenye, abnatu abangu-39 basala dengwane. Abangu-654 baphazamiseka, kwashona abantu ababili phakathi kwabo okwabe kukhona owashiswa umlilo ku-Ward 5 eMzimkhulu. Oyedwa wamuka nomfula e-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Local Municipality ku-ward 11. Kuwo lo masipala kwaba nezingozi yomgwaqo ku-R56, R612 no-R617 ngaphansi kwe-Harry Gwala District Muicipality.

Usizo olwakhishwa ngaphansi kukaMasipala weSifunda:

- 40 izingubo zokulala
- 27 omatilaso
- 11 amaphasela ezimo eziphuthumayo
- 6 omata beplastiki
- 2 igilosa yomngcwabo

### UMKHANKASO WOHLELO OLUDIDIYELWE LOKULAWULA IZINHLEKELELE NEZOKUPHEPHA EMLILWENI WEKOTA 3

Uphiko lwezinhlekelele eHarry Gwala District Municipality lube nomkhankaso wokuqwashisa abantu nokubajwayeza ngobungozi obuhambisana nezinhlekelele nokuzigwema, kanjalo nezokuphepha emlilweni lapho kucaciswe nokweseka komasipala bezindawo neminye iminyango ngesikhathi sesibhicongo.
Lezi zinhlelo zokufundisa umphakathi ezenziwe muva nje bezibhekiswe kakhuku ezikoleni, emphakathini, amakhansela amawadi nabanye ababandakanyekayo. ISifunda sisebenzisana nomasipala bezindawo ukuqinisa ukulungela kwemikhandlu yamakhosi nabanye abambisene nayo.



**Izithombe zokuhlolwa kobungozi, ukulawula kwezinhlekelele nemikhankaso yezokuphepha emlilweni konke okwenzeke ngoFebhuwari 2025 koMasipala bendawo uMzimkhulu noBuhlebezwe.**

UMasipala qweSifunda iHarry Gwala nemindeni yawo yomasipala abangaphansi kwawo uqhubekile nokuzibandakanya nezinhlelo zokuvimbela nokudambisa ezimweni zezibhicongo. ISifunda namathimba asuka komasipala bezindawo kumele bahlale bevivile ukuze babhekane nezimo zezinhlekelele ezingaba  yingozi ezimpilweni zabantu ngaphansi kweSifunda.

# UMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA NE-WORKSHOP YOKUNOTHISA AMAKHONO EZOKUXHUMANA




**AboPhiko lezokuXhumana babe ne-workshop eyimpumelelo.**

UPHIKO lwezokuxhumana kuMasipala weSifunda iHarry Gwala lusanda kubamba ingomboco yezokuxhumana yabasebenzi balo mnyango. Le workshopp, ebimhla ka-18 Mashi 2025, ibihlose kakhulu ukuthuthukisa amakhono ezokuxhumana kulaba basebenzi, ikakhulu ezokuxhumana ngaphakathi kuMasipala.

Amaxhama okuxhumana ngaphakathi amqoka empumelelweni yabona yiluphi uhlaka lomsebenzi. Kwenza abantu bavame ukubambisana, bakhuthale nasemsebenzini futhi wonke umuntu asebenzele inhloso eyodwa. Le ngomboco igcizelele ukubaluleka kwalolu hlobo lokuxhumana lapho kwenziwe khona izibonelo ngolwazi oludingekayo ukuze eziokuxhumana zibe nomthelela omuhle.

Lolu qeqeqesho lube yimpumelelo njengoba abasebenzi bophiko lwezokuxhumana bebengazibekile phansi ngesikhathi sekubuzwa imibuzo, kuboniswana. Ukuze kugqugquzeleke ukuthi wonke umuntu azibandakanye ngokungesabi, kube nemiklomelo emincane ngezimpendulo ezishaye khona nxa kubuzwa ukuze kutholakale ukuqonda kwabo obekufundwa. Lokhu kwelekelele kakhulu ekutheni abantu banake obekukhulunywa ukuze bakwazi ukukusenzisa njengamakhono okwenza ngcono umsebenzi wabo wezokuxhumana.

Ingomboco ikwazile ukufeza injongo yokunothisa ulwazi kwezokuxhumana kubasebenzi bakaMasipala ophikweni lwezokuxhumana. Njengoba wonke umuntu ebethola ithuba lokuphawula, lokho kubukeke kusize abaningi ekubeni yingxenye ye-workshop ize iyophela. UPhiko lwezokuxhumana luhlela ukwakhela phezu kwalesi sekelo ekuqhubekeni nokuthuthukisa umsebenzi wezokuxhumana ngaphakathi kumasipala.

# IZOQHUBEKA IBANJWE NJALO NGEKOTA INKUNDLA YABEZOKUXHUMANA ESIFUNDENI



KUNEJOKA elethweswe abezokuxhumana kohulumeni basemakhaya lokuqinisekisa ukuthi konke okwenziwa uhulumeni kuyafika ezindlebeni nasemehlweni abantu, kungabikho mfihlo kwandiswe ukuzibandakanya kwabantu ekuphathweni kwezwe nentando yabantu. Lokhu kusho ukuthi kumele zihlale zivuliwe izinkundla zokuxhumana kukahulumeni ngqo nabantu.

Lo mgomo uqukethwe emthethweni i-Municipal Structures Act ka-1998, nakwi-Municipal Systems Act ka-2000, nasemthethweni i-Access to Information Act of 2000 kanti noMthethosisekelo wezwe awumbandazi ngokuba yincwadi evuliwe okumele kukhonjiswe yiziphathhimandla zisebenzisa ezokuxhumana.



Uhlaka lwe-Harry Gwala District Communicators Forum lukhonela ukugqugquzela ukukhunjulwa kwaleli joka elibekwe yile mithetho emahlombe abaxhumanisi nabakhulumeli.

Le Forum ihlangana kane ngonyaka kanti owakamuva umhlangano kade umhla ka-4 Mashi 2025 eBuhlebezwe Fire and Rescue Disaster Boardroom ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala. Le nkundla yabezokuxhumana iqinisa amaxhama phakathi kwamazinga ahlukene kusukela kohulumeni bezindawo kuya koweSifunda. Ididiyela abezokuxhumana ndawonye ukuze baphume namasu aphapheme okuphucula ezokuxhumana nokufukulana ezindleleni zokusatshalaliswa kolwazi.



Le nkundla inikeza abaxhumanisi isigcawu sokuveza abakwenza komasipala kwabo okuyimpumelelo nezindlela abazisebenzisayo ukuxhumanisa uhulumeni wendawo nabantu kanjalo nangaphakathi.

Ukubonisana kuye kuthande ukugxiliswa ekukhuthazeni ukusondela kwabantu ezindabeni zikahulumeni ngaphansi kweSifunda iHarry Gwala. Nezinye izinhlaka ezisebenzisana nohulumeni bezikhona kulesi sigcawu, njengabe-Independent Electorate Commission (IEC), South African Social Security Agency (SASSA), uMnyango wezeMpilo nowe-Cogta abebezokhuthaza ukusebetshenziswa kwezokuxhumana njengento eyenza uhulumeni aphile kubantu.



Abezokuxhumana eSifundeni baba nengomboco njalo ngekota ukugqugquzela ukuxhumana nokuqinisa amaxhama okubambisana kuhulumeni.

Umsebenzi weForum ukucoshela, ihlanganise ngokushesha imininingwane eyiyo etholakalayo ukuze isatshalaliswe kubantu. Izinkundla ezifana nale Forum zelekelela kakhulu ekudiyeni nokuvala imifantu phakathi kwabantu nohulumeni. Lokhu kushi ukuthi iForum iyakwazi ukucebisa ngezindlela zokuhluza imininingwane ukuze ithi ifinyelela kubantu ibe isizwakala.

Kuyimpoqo ukuba kufundiswe abantu ngenqubomgomo, izinhlelo, ukulethwa kwezidingo nezinye izinto ezenziwa uhulumeni kuwo wonke amazinga. Le nkundla yenziwa njalo emuva kwezinyanga ezintathu kunyakamali ukuze kudidiyelwe kahle imininingwane ezokhishwa ngezinhlelo ezimqoka zikahulumeni ezithinta abantu ngqo.







**Oyiso likahulumeni kazwelonke ohlelweni lwe-Harry Gwala District Developmental Model, uSolwazi Blade Nzimande, obuye abe nguNgqongqoshe weSayensi, Ubuchwepheshe nobuChule ubehambele eSifundeni, esikoleni Amakhuze High. Ubuye wavakashela eDlangani High School lapho ebehambisana khona nePhini leMeya kaMasipala weNdawo i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, uKhansela Kholeka Hadebe nezinye izikhulu**

# UNGQONGQOSHE UBLADE NZIMANDE UHAMBELA ISIFUNDA

OBEKWE njengeso likahulumeni omkhulu eSifundeni, ngaphansi kohlelo lwe-Champion of the Harry Gwala District's Development Model, uSolwazi Blade Nzimande, ophinde abe uNgqqongqoshe weSayensi, ezobuChwepheshe nobuChule, wethule umkhankaso wakhe eBulwer muva nje. UMphephethwa uqale wavakashela isikole Amakhuze High School, wabe eseludlulela eDlangani High School. Lolu hambo belumayelana nokuqhutshwa kohlelo lweBack-to-School olwaqala kuqala unyaka. Ngesikhathi ethula izinhlelo lapho, uNgqongqoshe ukhuthaze kakhulu ukuba abafundi bathande isayensi nezobuchwepheshe ezifundweni abazikhethayo.

UNgqongqoshe ubephelezelwa iMeya yase-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, uKhansela Kholeka Hadebe, namanye amakhansela.









**Ungqongqoshe ukhuthaze intsha ukuba ithande umkhakha wezeSayensi njengoba kuyiyona kusasa. Lolu hambo lube yimpumelelo lapho abafundi bekwaze ukuxhumana nabaholi kube kwabelwana ngezinto ezimqoka empilweni.**

# KWETHULWE IMFUNDISO NGENTANDO YABANTU NOKUVOTA EZIKOLENI EHARRY GWALA




IMeya yase-Harry Gwala District Municipality, uKhansela Zamo Nxumalo ukhulume ngobumqoka bokwazi umlando izwe elisuka kuwo, ikakhulu umzabalazo wenkululeko, wabuye wagqugquzela ukuzibandakanya entandweni yabantu nokuba yizishabasheki kubantu.

IKHOMISHINI yokhetho kuleli, i-Independent Electoral Commission ngo-Ephreli yethule uhlelo lokufundisa ngentando yabantu esikoleni iDaniel Mzamo Special School kuMasipala weNdawo uBuhlebezwe, eSifundeni iHarry Gwala. Lapha i-IEC ibambisene noMnyango wezeMfundo emkhankasweni wokufundisa ngentando yabantu ukwengeza kabakufundayo ezikoleni.

IMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo, ubemenyiwe kulo mcimbi lapho ezwakalise ukweneliseka okukhulu nokuziqhenya ngokuthi abantu abasha bathola leli thuba eliyingqayizivele. "Ayikho into emqoka njengokusebenzisa ilungelo lakho lokuvota uzinqumele ngabazokuphathela izwe. Khumbulani ukuthi niphila ezweni lapho kunezingqwayingqwayi ezalwela le ntando yabantu esinayo. Kuleyo minyaka indaba yemfundo yayiqhelile kwabaningi, ngaleyo ndlela libambeni ngazo zombili leli thuba ezifundweni zenu ukuze nibe nekusasa eliqhakazile," kusho uMkhatshwa.

Uhlelo losuku lwalubhekiswe ekutshaleni ukuqonda kabanzi ngezindaba zokhetho ngaphansi kwentando yabantu nokubaluleka kokuzibandakanya kwentsha okhethweni. Abebephethe uhlelo bagxile ukudidiyela kwisilabhsi ukunaka ezithinta umphakathi nemfundo entandweni yabantu. Yize inhloso enkulu bekuwukufundisa ngezokhetho nokubhalisela ukuvota, kodwa kubuye kwagcizelela neqhaza lentsha nokubaluleka kolwazi lwesikole.

Zingu-14 izikole ebeziyingxenye yohlelo olwethulwe yi-IEC kubafundi eSifundeni iHarry Gwala. Kube yilezi:

1. Daniel Mzamo Special School
2. Buthathubunye High School
3. Impiyamandla High School
4. Kwathathani High School
5. Hlokozi High School
6. Lusibalukhulu High School
7. Thubalemfundo High School
8. Impunga High School
9. Ixopo Village Intermediate School
10. Mariathal Combined School
11. Little Flower Combined School
12. Ixopo High School
13. Ndela High School
14. Luswazi High School.












**IKhomishini yokhetho, i-Independent Electorate Commission (IEC), ihambisana noMnyango wezeMfundo bethule uhlelo lokufundisa ngentando yabantu ezikoleni eDaniel Mzamo Special School ngaphansi koBuhlebezwe Local Municipality. Izifundo zisiza intsha nomphakathi ngokusebenza kwenqubo yentando yabantu nobumqoka kokuvota.**

# UPHIKO LWE-RISK MANAGEMENT LUBE NOMHLANGANO WOKUCUBUNGULA IZIHIBE E-HARRY GWALA
















**Uphiko lwakwa-Risk Managemen ngaphansi kwe-Harry Gwala District Municipality lube nenguyazana yokubonisana nezimenenja eSifundeni namalungu ekomidi eliphezulu. Lo mhlangano ubugxile kakhulu ekuhlonzeni okungaba yizihibe ekufezeni izinjongo zokulethwa kwezidingo kubantu. Ubuholi beSifunda, obekukhona kubo uSodolobha kaMasipala weSifunda uKhansela Zamo Nxumalo, iPhini leMeya uKhansela Nosisa Jojozi, uSomlomo uKhansela Sibongiseni Mdunge namanye amalungu omkhandlu ayingxenye yesigungu esiphezulu, bebuyingxenye yale nguyazana.**

UMNYANGO obhekele ukuhlola izihibe ezingaphazamisa ukusebenza kuMasipala weSifunda iHarry Gwala lube nesigcawu sabaphathi nekomidi eliphezulu. Lo mhlangano ububanjelwe ePremier Resort, eSani Pass e-Underberg lapho kudingidwe khona ngezinkinga umasipala angahlangabezana nazo nezindlela zokuzigwema.

Abebekulo mhlangano uMeya weSifunda uKhansela ZD Nxumalo, iPhini lakhe uKhansela NT Jojozi, uSomlomo uKhansela S Mdunge, namanye amakhansela ayingxenye yesigungu esiphezulu kuMasipala weSifunda.

IMenenja kaMasipala, uMnuz GM Sineke nabaphathi abanye bebekhona. Phakathi kwezihloko ezithintiwe kube ukubonisana ngamasu okugwema okungadala ubuthaka emsebenzini kaMasipala bese kuxoxwa ngezindlela eziyisixazululo. Esinye isizathi esimqoka salo mhlangano ukuqinisekisa ukuth noma ngabe kunaziphi izihibe, umsebenzi weSifunda kawumi, nezinhloso eziyimigomo ebekiwe kuyafinyelelwa kuzo kungathiyeki ukulethwa kwezidingo kubantu.

# UMPHATHISWA UMBALI SHINGA UNIKEZE INTSHA (71) IZITIFIKETI ESIFUNDENI I-HARRY GWALA

## Kuthuthukiswa amakhono ngezinhlelo zokucija intsha











**Mhla ka-6 Mashi 2025 iSifunda iHarry Gwala District sikhiphele izitifiketi intsha engu-71 ebiqede izifundo zokuthuthukisa amakhono. Lo mcimbi ubuhanjelwe uMphathiswa wezokuThuthukiswa koMphakathi uNkz Mbali Shinga, uMnyango wakhe nowezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zasemaKhaya ebambisene noMasipala weSifunda kulo hlelo lokuqeqeshwa kwentsha. NePhini leMeya eHarry Gwala uKhansela Nosisa Jojozi belikhona.**

BEKUPHITHIZELA ehholo laseXobho, iSoweto, abantu abasha abangu-71 bejabulela ukunikezwa izitifiketi uMphathiswa wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natal, uNkz Mbali Shinga, ngemuva kokuphothula izifundo zokuthuthukisa amakhono azo ngohlelo olungaphansi kweSifunda iHarry Gwala muva nje.

Lolu hlelo lwenziwa ngokubambisana phakathi kweSifunda iHarry Gwala, uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natal, uMnyango wezoLimo neNtuthuko yaseMakhaya nezinhlangano zomphakathi ezixhasiwe. Inhloso yohlelo bekungukunika intsha amathuluzi afanele kwezamakhono ukuze iqasheke uma isibheka amatoho.

Phakathi kwabebekhona kulo mcimbi singabala iPhini leMeya eSifundeni uKhansela Nosisa Jojozi, uSomlomo eSifundeni uKhansela Sibongiseni Mdunge neMeya yaseBuhlebezwe Local Municipality uMhlonishwa EB Ngubo.

IPhini leMeya uKhansela Jojozi lincome kakhulu ukuthuthuka eSifundeni, waphawula nangokubaluleka kweqhaza elibanjwe uMnyango wokuThuthukiswa koMphakathi kulolu hlelo.

"Mazidle ekhaya bakwethu, kuyathokozisa ukubona iSifunda siphumelela," kusho uSomlomo.

UMphathiswa uShinga ubongele abathole izitifiketi, egcizelela nokubaluleka kokuphucula amakhono nokuqeqeshwa empilweni yomuntu.

"Lezi zinhlelo zithuthukisa intsha, zilethe ithemba noshintsho oluhle emiphakathini yale ntsha," usho kanje uMphathiswa.

IUhlelo lokuthuthukisa amakhono luhambisana nomqulu owaziwa nge-District Development Model Plan, ogxile ekuthuthukiseni amakhono ikakhulu kubantu abasha abasuka ezindaweni ezisilele emuva kwezomnotho. Lolu qeqqesho luveze obala ukuzinikela kweSifunda ekulolongeni intsha nokuyithuthukisa ukuze ibe nekusasa eliqhakazile, yelekelele nasekukhuleni komnotho wesizukulwane esizayo.

# UNDUNANKUKU NEMBIZO YOKUDINGIDA NGOBUGEBENGU EMZIMKHULU NGAPHANSI KWE-HARRY GWALA DISTRICT MUNICIPALITY











**UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Thami Ntuli ubehola Imbizo yokudingida izinselelo ngobugebengu eMzimkhullu ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala muva nje. Kulo khukhulelangoqo wembizo bekukhona neMeya yeSifunda uKhansela Zamo Nxumalo neMeya yaseMzimkhulu, uKhansela Jabu Msiya. Kulo mbuthano bekulalelwe izimvo neziphakamiso zabantu mayelana nokungenziwa ukulwa nobugebengu eMzimkhulu.**

KUZOMELE kuliwe nayo yonke inhlobo yobugebengu buze buphele nya ubugebengu. Lona bekungumlayezo embizweni yomkhankaso wokulwa nobugebengu obusEsayidi TVET College eMzimkhulu.

Le mbizo ebihlelwe yiHhovisi likaNdunankulu, uMhlonishwa uThamsanqa Ntuli, ngokubambisana noMasipala weSifunda oholwa uKhansela ZD Nxumalo, ivulele inkundla izakhamuzi zikamasipala wendawo nezinye ebeziqhamuka kwabanye omasipala abakhelene nalo eSifundeni ukuba bazise uNdunankulu ngqo ngezinkinga ezimayelana nobugebengu.

Injongo enkulu yembizo bekungukuthola izimvo zabantu bese kwenziwa iziphakamiso ngezindlela zokunciphisa ubugebengu eMzimkhulu njengokubona kwabantu bakhona. Phakathi kobugebengu obuhaqe abantu bale ndawo kukhona ukwebiwa kwemfuyo, ukugqekezwa kwamabhizinisi nemizi, izigameko ezinyantisa igazi zesihluku bobulili nakwabesifazane.



IMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo, ngesikhathi ethula inkulumo yokwemukela ushayele ihlombe uNdunankulu ngokufika eSifundeni, wabe esekhuthaza abantu ukuba babambe iqhaza ekulekeleleni ukulwa nobugebengu. “Uma sibambisene singakha ukuthula ezindaweni zethu, lokhu kudinga wonke umuntu azibambe ziqine ekwakheni umphakathi ophilayo nophephile.”





**Cllr. UZamo Nxumalo wakhe inkundla yoMphakathi Wesifunda saseHarry Gwala ohlanganiswe yibo bonke omasipala bendawo esifundeni. Inhloso bekuwukulwa nobugebengu ngazo zonke izindlela. Njengo Cllr. UZamo Nxumalo wabelane futhi wabonga uNdunankulu uThamsanqa Ntuli ngokuhlonipha ukuzibandakanya kwakhe ekuqwashiseni ngokulwa nobugebengu.**

# UNgqqongqqoshe ‘uxhumanisa’ isikole sasemakhaya nomhlaba wobuchwepheshe



**ISifunda iHarry Gwala District sinyelwe yinyoni esandleni sihanjelwa uNgqongqoshe wezokuXhumana nobuXhakaxhaka bobuChwepheshe, uMnuz Solly Malatsi, obezogcina isethembiso asenza sokuzolungisa inkinga ye-network ePholela Special School lapho afike wavula khona iCyberLab.**






**IPhini leMeya eHarry Gwala District Municipality, uKhansela Nosisa Jojozi, lethule ungqongqoshe kulo mcimbi obusePholela Special School.**







**AmaCyberlabs ayizinsiza ezakhelwe ukunika abafundi amandla kanye nokubachaya olwazini namakhono akhona.**

INKINGA ye-network isizoba umlando maduze nje esikoleni sasemakhaya iPholela Special School kuMasipala wendawo i-Dr Nkosazana Dlamini Zuma kulandelaukugcina isethembiso kukaNgqongqoshe wezokuXhumana nobuXhakaxhaka bobuChwepheshe uMnuz Solly Malatsi sokusukumela izinkinga kulesi sikole.

NgoSepthemba wonyaka odlule uNgqongqoshe uMalatsi wavakashela lesi sikole wazithela phezu kolungelunge lwezinkinga njengoba babengakwazi ukusebenzisa i-internet ngenxa yokubuthaka be-signal kule ndawo. Lezi zinkinga zazenza kube ukhuni nakothisha ukufundisa ngendlela ezwakalayo ezifundweni ezithinta ezobuchwepheshe. Kuyaziwa ukuthi umhlaba uyathuthuka masisha ngobuxhakaxhaka bezokuxhumana nasekutholakaleni kweminingwane yanoma yini ofisa ukwazi ngayo, okudingekayo nje i-internet esebenzayo.

Ekugcineni isethembiso sakhe, uNgqongqoshe ufike nemishini ye-internet wavula i-Cyber Lab ene-netwoek esebenza ngesivinini.

ISekela leMeya eSifundeni iHarry Gwala, uKhanzela Nosisa Jojozi wethule uNgqongqoshe Malatsi ngenkulu injabulo ngesikhathi kwethulwa lolu hlelo oluzoshintsha impilo yabafundi basePholela. UKhansela Jojozi ubonge nabakwaSITA ngokunikela nge-CyberLab, wabe eseshayela ihlombe uNgqongqoshe ngokugcina isethembiso asenza ungakapheli nonyaka. Uthe kuyabakhuthaza ukuthi iziphathimandla kuhulumeni kazwelonke azikhohliwe yizindawo zasemakhaya ezibhekene nezinselelo ezinzima ekuthuthukeni kwezwe okwenza kube lukhuni ukwanda kwamathuba entsheni kulezi zindawo.

UMalatsi uthe wenelisekile ngokuthi ukwazile ukubuya kulesi sikole ethule lolu hlelo.

“Besilapha ngonyaka odlule, manje sesibuyile ukuzokwethula le CyberLab eyisidingo esikhulu nezokwazi ukulekelela abafundi abanezidingo ezahlukile. Sifuna babe namakhono, bekwazi ukuziphilisa futhi sifuna babe ngongoti kweze-IT,” kusho uNgqongqoshe uMalatsi ophinde watshala izihlahla kulesi sikole benoSekela Meya ngaphambi kokwethula uhlelo.



# UMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA USUNEMIDLALO YABASEBENZI YANGAPHAKATHI

KUSUKE amaphepha uMasipala weSifunda iHarry Gwala ubamba imidlalo yawo yokuqala ebizwa ngama-Interdepartmental Games eXobho Turf grounds muva nje.

Le midlalo izosiza ukugqquguzela ukubambisana phakathi kwabasebenzi, ukwazana nokubumbana.

Umcimbi ube yimpumelelo enkulu, uholwa uPhiko lwakwa-Health and Safety ngaphansi kooMnyango wakwa-Corporate Services. Lapha bekuqhudelana iminyango eyahlukene kuMasipala weSifunda emidlalweni yobungani eminye ebuhlekisa  kuze kube buhlungu isisu indlela ebimnandi ngayo.

Bekukhona imidlalo enhlobonhlobo njenge-netball, volleyball, ibhola likanobhutshuzwayo neeminye imidlalo yabamdabu.

UMnyango wezeziMali uthathe izindondo eziningi okukhona kuzo ubhedu lwe-volleyball, netball nemidlalo yonke yabomdabu. Lo mcimbi uhambe ibanga elide ukukhuthaza ukuzwana nokwenza indawo yokusebenza ibe nobungani ngaphakathi kuMasipala.

Lena ngenye yezindlela uMasipala azisebenzisayo ukwakha umoya omuhle emathimbeni ezisebenzi, ukwengeza kwezinye izinto ezenziwayo unyaka nonyaka. Impumelelo yale midlalo ibe ubufakazi bokuzinikela kukamasipala ekugqugquzeleni impilo enhle kubasebenzi nokuthuthuka. UMasipala ubonge kakhulu kubasebenzi abebekhona kulo mcimbi ophele wonke umuntu ekhombisa ukuwuthaka





**Kube nemidlalo nokuqhudelana phakathi kweminyango kuMasipala weSifunda iHarry Gwala mhla ka-26 Febhuwari 2025, lapho bekukhuthazwa khona ukwakha ubunye nokusebenzisana.**

